

Vuk'uzenzele




Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| July 2017 Edition 2



Schools Moot Court Competition opens
Page 5



Do you know the signs of viral hepatitis?
Page 7

Forward to universal healthcare

THE DEPARTMENT of Health's National Health Insurance is a plan to make healthcare available to all South Africans by improving the quality of clinics, hospitals, staff and equipment across the country.

Sulaiman Philip

The Department of Health recently published its policy document on the National Health Insurance system. This lays the groundwork for South Africa to move

forward to health care for all.

The Minister of Health, Dr Aaron Motsoaledi, believes all South Africans deserve free and equitable access to healthcare. He has argued that the 45 million South Africans, mainly poor, rural

and black, who rely on the overburdened public health system deserve the same quality of healthcare as fellow citizens who can afford private healthcare.

Universal coverage

The proposed National Health Insurance (NHI) aims to integrate the efficient, but expensive, private health sector with the improving but overloaded public health system. Since 2011 this model has been tested in 11 pilot projects across the country.

This is the preparation period, when the department can test its infrastructure and financing models. Once national rollout begins, it could take up to 14 years to achieve universal coverage. The minister explained in October last year: "We are preparing the clinics in terms of infrastructure, human re-

sources, primary health care and in terms of equipment."

At its heart, the NHI is a finance model that pools funds to provide the same quality health services to all South Africans no matter their economic circumstances or where they live. In October 2016 the minister told delegates at the South African Pharmacy Conference that the NHI does not aim to replace private healthcare with a "poor public healthcare system that is corrupt, inefficient and unable to deliver".

Through the 11 pilot projects, the department is refining its ability to utilise and allocate resources better. The NHI is designed to provide essential care no matter where you live with private medical aids covering specialised treatment.

● **Cont. page 2**

OR Tambo speaking at the launch of the "Nelson Mandela: Freedom at 70" campaign at the Wembley Stadium in London in 1988: "This occasion is about the 70th birthday of a great human being who, for millions of people in his own country and across the globe, has served as an inspiration by the way he has consistently and persistently upheld the nobility of the human spirit. And yet he is in jail ... because he would not abandon his conviction that every person is entitled to justice, freedom and happiness."

Life and legacy of
OR TAMBO.
100 YEARS



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0405

Free Copy

Osomabhizinisi banxenxa abatshalizimali

Galoome Shopane

Amabhizinisi asafufusa (ama-SMME) ayi-15 avela esifundazweni saseFreyistata yonkana asanda kunikwa ithuba lokukhangisa amabhizinisi abo kubatshalizimali abavela emkhakheni ozimele kanye nakuzikhungo zikahulumeni.

Osomabhizinisi, abasebenza emkhakheni wezolimo nokulungiswa kwemikhiqizo yezolimo, baqunge isibindi ukukhangisa ngamabhizinisi abo ngethemba lokuthi omunye wezithameli uzobona ukubaluleka kumabhizinisi abo. Umcimbi wokunxenxa abatshalizimali ubanjwe ezinyangeni ezimbili emva kokuba isifundazwe sibambe umhlangano wokuqala wokulungiswa kwemikhiqizo yezolimo ngoMbaso.

UNGqongqoshe Wesifundazwe (u-MEC) Wezomnotho, Ezokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Asafufusa, Ezokuvakasha Nezemvelo, uDkt. Benny Malakoane, uthe uthemba ukuthi njengoba lo mcimbi okungowokuqala ngqa ukuba khona, uzokhiqiza imiphumela emihle kanye namathuba amaningi



■ Abanikazi bama-SMME abasebancane bakhangisa amabhizinisi abo kubatshalizimali, ngokubaxoxela ngothando lwabo lwezamabhizinisi.

osomabhizinisi.

“Sifisa ukubona izithangami ezifana nalezi zenzeka njalo ngesigamu sonyaka uma kungakwazeki ukuthi zenzeke njalo,” kusho uDkt Malakoane.

Osomabhizinisi abanikezwe ithuba lokukhangisa amabhizinisi abo kulabo abangaba ngabatshalizimali bakhethwe ohlwini lwemininingwane lomnyango lwamabhizinisi asafufusa futhi abecele uxhaso emnyangweni ngaphambilini.

UDkt. Malakoane uzigxeke kakhulu izinkulungisi ezingalethi imiphumela ngesikhathi enikeza ngezuleko kuwo

wonke umuntu obambe iqhaza kulolu hlelo. “Akusizi ukuba nezithangami zezinkulungisi nje. Ukucacisa kubaluleke kakhulu emkhakheni wezamabhizinisi, futhi abatshalizimali kumele bacacise ukuthi bazokwazi yini ukusiza osomabhizinisi noma cha, nokuthi lungakanani usizo abazoluhlinzeka,” ubeke kanje.

“Abatshalizimali kumele bacacise ukuthi usizo lwabo luzoba wuxhaso lwemali, izeluleko, ukuqapha noma ukudluliswa kwamakhono,” wengeze kanje. “Ungazenzi izethembiso ongeke uzifeze.

Lona ngumsebenzi obalulekile kakhulu futhi kumele uthathwe njengobalulekile.”

UDkt. Mbulelo Nokwetu weNhlango Yezentuthuko YaseFreyistata uthe enye yemigomo yokuthola uxhaso wukuthi ibhizinisi likwazi ukusiza ekunciphiseni izinga lokuswelakala kwamathuba emisebenzi esifundazweni, okwamanje elimi kuma-35%.

Ukukhuliswa kwamathuba emisebenzi, ukukhuliswa kwamabhizinisi

“Amathuba oxhaso azoncika eqhingeni lesifundazwe lokwakha amathuba emisebenzi,” ubeke kanje.

Omunye wosomabhizinisi nguNtsiua Kobo wasePulazini iThitapoho eTweespruit, obefuna “ukwesekwa okuzosiza ekukhuliseni ibhizinisi lisuka la likhona njengama-nje”.

Umfelandawonye kaKobo uqhuba ibhizinisi lezolimo lezinto ezihlukahlukene elikhizisa imikhiqizo yesikhumba, amakhambi, amafutha kanye nemifino. Ipulazi i-Thitapoho, ngokusho kukaKobo, lisebenzi-

sa abasebenzi abasebenza ngezikhathi ezithile zonyaka ngesikhathi sokuvuna.

Ukhulume ngezinsalelo ezibhekene nomfelandawonye wakhe, “njengokuguquka kwesimo sezulu, izinkinga zabasebenzi kanye noxhaso lwezimali”.

UDumisani Mngadi ovela kuNhlango Yezamazinga YaseNingizimu Afrika (i-SABS) uthe kunokubaluleka okukhulu kuma-SMME akhona. “Sibheka ukuthotshelwa komthetho mayelana nemikhiqizo ekhiqizwa ngosomabhizinisi,” ubeke kanje.

UTshepo Moremi ovela eMnyangweni Wezolimo, Ezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya kanye Nezinguquko Kwezomhlaba uthe kunamabhizinisi amaningi anamathuba okuba ngabadlalindima abakhulu kwezokulungiswa kwemikhiqizo yezolimo.

Ekupheleni komcimbi abanye abatshalizimali bese bekhombise itshisekelo eku-landeleleni amanye amabhizinisi, bacela imininingwane yokuxhumana noma behlinzeka ngokuthuthukiswa kwamakhono. ■

Ufukulo lwezomnotho kumifelandawonye kanye noqeqesho

Siya Miti

IHhovisi Likandunankulu WaseMpumalanga Kapa kanye noMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nezinguquko Kwezolimo (i-ECRDAR) bathembise ngezigididi zamarandi ezingama-60 ukufukula izinhlelo zezolimo ezixile entsheni kulesi sifundazwe.

Usanda kunikela ngezinto zokusebenza ezihlukahlukene, kubandakanya ugandaganda, kumifelandawonye eyi-12 ephethwe yintsha.

Umfelandawonye Wezolimo wase-Lower Zingcuka, othole ugandaganda ophethele, imbewu kanye ncingo lokubiya, uzibophezele ekukhuliseni ibhizinisi lawo lemikhiqizo yezitshalo ukulwa nendlala kanye nokusungula amathuba emisebenzi abantu bendawo abangasebenzi.

Usihlalo uThembekele Hele

uthe lezi zinsiza zizokhulisa ibhizinisi futhi zikhulise nemali engenayo.

Lo mfelandawonye ukhiqiza umbila, amazambane, iklabishi kanye namathanga, okudayiswa ezitolo eMonti kanye nase-King Williams town, kanye nakubantu bendawo.

Amaphupho amakhulu

Ungqongqoshe Wesifundazwe we-ECRDAR uMlibo Qoboshiyane uyincomile intsha ngokuthatha isinyathelo sokudala amathuba emisebenzi. Umfelandawonye Wezolimo wase-Lower Zingcuka udale amathuba emisebenzi abantu bendawo abangasebenzi, wabasiza ngokuthi bathole imali, kusho iphini likasihlalo womfelandawonye uNosiviwe Mayalo.

“Manje njengoba sebezitholile izitolo kanye nabantu abazobathengisela, uhulumeni ubanika izinsizakusebenza

ukuqinisekisa ukuthi bakhizisa imikhiqizo esezingeni eliphezulu. Lokhu kuzodala ingcebo yasemakhaya futhi kuqinisekise ukuthi lawa mabhizinisi asemakhaya ayingxenywe yezokukhiqizwa nokulungiswa kwemikhiqizo yezolimo,” kusho uQoboshiyane.

Imikhiqizo yalo mfelandawonye izothengiswa ezitolo khona maduze nje.

“Sinamaphupho amakhulu ngale phrojekthi. Sawuqala [umfelandawonye] phansi ngokutshala izitshalo ehektheni elilodwa lomhlaba futhi manje sesikhule saba namahektha ayisishiyagalolunye. Iphupho lethu wukuqala imakethe Yezithelo Nemifino e-Lower Zingcuka,” kusho uMayalo.

UNDunankulu uPhumulo Masualle wayejabule ngale phrojekthi. “Kubonisa ukuthi ikhwelo esalishaya lamukelwa kahle, ikakhulukazi ngabantu



■ U-MEC uMlibo Qoboshiyane noSiyabonga Somdaka kanye noNosiviwe Mayalo boMfelandawonye Wezolimo Wentsha wase-Lower Zingcuka kanye noNdunankulu waseMpumalanga Kapa uPhumulo Masualle behlola amaklabishi ngesikhathi inkosi yendawo uNdlovu Ulana ibukela.

abasha. Sihlose ukwenza ezolimo zibe yinto edumile, ukwenza abantu abasha bakubone ukubaluleka kokubamba iqhaza emisebenzini yezolimo. Lena ngenye yamaphrojekthi anjalo, kodwa sinamanye amaningi.”

Isifundazwe manje sigxile ekuqeqesheni, ekuvuseleleni kabusha kanye nokunikeza intsha amakhono amasha kanye nabantu abakhubazekile ukuze bahlomule kwezokukhiqizwa nokulungiswa kwemikhiqizo yezolimo. ■

Intsha ithola uqeqesho eNyuvesi olumayelana nokukhiqiza ukudla okwanele

KUNEZINHLELO EZININGANA EZIQHUBEKAYO EMPUMALANGA KAPA

UKUQEDA INDLALA, ukuqinisekisa ukuthi kunokudla okwanele, ukwenza ngcono ukutholakala komsoco kanye nokuthuthukisa amakhono emiphakathi.

Siya Miti

Abantu abasha abangama-60 abangaqashiwe bafakwe ohlelweni lokuhlola olumayelana nokukhiqiza ukudla okwanele okuhloswe ngalo ukuqinisekisa ukuthi kunokudla okwanele kumakhaya engama-300 futhi lube nomthelela kwabanye abantu abaningi.

Uhulumeni uhlose ukuqalisa lolu hlelo nakwezinye izindawo ezihlaselwe ngububha.

Njengengxenywe yalolu hlelo, uMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokuhlelwa Kabusha Kwezolimo (i-DRD-AR) WaseMpumalanga Kapa utshale imali ecishe ibe yizigidi ezimbili zamarandi, abantu abasha bazoqeqeshwa kuzifundo zokukhiqiza izitshalo ezizothatha unyaka owodwa eNyuvesi yaseFort Hare.

I-DRDAR iqoke iNyuvesi yaseFort Hare ukuthi iqeqesho intsha edabuka ezindaweni ezikhungethwe ngububha zaseDyamala, eTyali, e-Lower Ncera, e-Upper Ncera nase-Krwakrwa eduze kwase-Alice, ibahlinzeka ngamasu oku-

khiqiza ukudla kwasezingadini.

Ithemba lokuguqula izimpilo

USinethemba Mangqangqa, oneminyaka engama-24 ubudala, uthe selokhu aqala ukufuna umsebenzi kusukela aphethe ibanga likamatikuletsheni ngonyaka wezi-2012. Ujoyine lolu hlelo ukusiza ibhizinisi lika-anti wakhe lokuthengisa imifino emgwaqeni.

“Umama no-anti wami abasebenzi. Bathenga imifino eKing Williams Town, abayithengisa kubantu abahlala khona lapha e-Alice. Manje sifuna ukuzikhiqizela imifino yethu futhi siyithengise kubantu bendawo.”

“Ngizamile ngangaphumelela ukuthola umsebenzi. Ngalolu hlelo, ngizoqinisekisa ukuthi ngixila engadini yami ukukhiqiza imifino ukuze ngiyidayisele abathengi bendawo,” kusho uMangqangqa.

Uthando lwezolimo

UNondwe Galela, oneminyaka eyi-18 ubudala, onentshisekelo yezolimo, uthe ukuba yingxenywe yalolu hlelo

olumayelana nokukhiqiza ukudla okwanele kuzomnika amakhono okukhiqiza izitshalo ukuze avuselele ingadi yokudla yasekhaya lakhe futhi adale namathuba omsebenzi kubaba wakhe ongasebenzi “Ngihehwe wuthando lwami lwezolimo kulolu hlelo. Ngifuna ukufunda kabanzi mayelana nokukhiqiza ukudla okwanele. Akukho muntu onakekela ingadi yakithi yokudla futhi ngizokwenza isiqiniseko ukuthi ngiyayinakekela,” kusho uGalela.

Inhloko yomnyango wezolimo waseNyuvesi yaseFort Hare, uDkt Nomakhaya Monde, uthe inyuvesi ifuna ukuguqula isimo sezolimo esifundazweni ngokuba nomthelela omuhle esimweni sezenhlalo yomnotho somphakathi owakhelene nenyuvesi.

“Sinenjabulo yokubamba iqhaza kulolu hlelo lomphakathi ukuze abafundi bethu bakwazi ukufunda futhi bathole nesipiliyoni,” kusho uDkt. Monde, wanezelela ngokuthi abafundi baphinda bayiswe emiphakathini ukuyokwenza umsebenzi emasimini. “Lena yindlela ehlelekile

yokuxhumana nomphakathi.”

Isibonelelo sokubhekelela imiphakathi

UNgqongqoshe WaseMpumalanga Kapa Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya uMlibo Qoboshiyane uthe lolu hlelo luyindlela yokulwa nesibalo esikhulu sabantu abatsha abangasebenzi kulesi sifundazwe. Ngokombiko wesikhungo Sezezibalo saseNingizimu Afrika (i-Stats SA), izinga labantu abatsha abangasebenzi kulesi sifundazwe lingama-41%; abangama-55% kulaba abanawo umatikuletsheni.

Umnyango utshale imali elinganiselwa kuzigidi ezi-1.9 zamarandi kulolu hlelo nokuyimali yokubhalisa kanye nemali yezifundo, kanye neyokukhokhwa kwezibonelelo zayo yonke intsha ebambe iqhaza kuze kube sekupheleni kwalolu hlelo.

UQoboshiyane uthe umnyango ubufuna ukufukula intsha ukuthi ibambe iqhaza elibonakalayo ekuqedeni ububha emiphakathini ehla kuyo ezindaweni zase-makhaya.

“Siyabona ukuthi isihlava sobubha siyinkinga eMpumalanga Kapa. Sizozinisekisa ukuthi sisiza abantu abasha ngamacebo okukhiqiza,” ubeke kanje, wanezezela ngokuthi izinhlelo zokuqeqesha zizoholela ekwamukelweni kwazo njengeziqu (i-NQF 4).

UQoboshiyane uthe abantu abasha bazobambisana nabafundi baseNyuvesi yaseFort Hare futhi iqembu ngalinye lizoxhunyaniswa nemindeni emihlanu, isikole kanye nomtholampilo noma ingadi yomphakathi. Kulinganiselwa ukuthi imizi yendawo engaba nga-300 ezohlomula kulolu hlelo ngaphambi kokuba luqalwe nakwezinye izindawo.

UNgqongqoshe Wesifundazwe uthe ezinye izinhlelo zokuqeqesho zikhona ukuqeqesha abantu abasha mayelana nokukhiqizwa kwezitshalo kanye nokufuya izilwane. Ngaphezu kwalokhu, umnyango usungula isizinda sokwakhiwa kwengcebo sasemakhaya ukuhlomulisa intsha eneziqu kwezolimo engaqashiwe efunde eKolishi i-Fort Cox. Kuzosiza ukufukula abantu abasha ukuthi bakwazi ukuziphilisa. ■

Lusahamba kahle uhlelo lweHektha Elilodwa Lensimu, Umndeni Ngamunye

UHLELO LWEHEKTHA ELILODWA LENSIMU, Umndeni Ngamunye, lumayelana nokusungulwa kwamabhizinisi ezolimo asafufusa azinzile – kanye nokubuyisa isithunzi sabantu.

Galoome Shopane

Kusukela lwathulwa ngokusemthethweni cishe eminyakeni emibili eyedlule, uhlelo lweHektha Elilodwa Lensimu, Umndeni Ngamunye, luhlommelise amakhaya amaningi ezindaweni eziyisithupha.

Lolu hlelo oluholwa nguMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nezinguquko Kwezomhlaba, luhlose ukuqeda ububha kanye nokubumba iqoqo labalimi abamnyama abalima izindawo ezincane, abakhiqizi kanye nabalungisa imikhiqizo yezolimo.

Ezethulweni ezisanda kwenziwa ngumnyango ePhalamende, kugcizelelwe

ukuthi uhlelo lweHektha Elilodwa Lensimu, Umndeni Ngamunye lubalulekile ekudalweni kwamathuba emisebenzi kanye nokukhula komkhakha wezolimo okufaka wonke umuntu. Laphinda lusize uhulumeni ukufeza ukulingana kubunikazi bomhlaba, ukufinyelela emhlabeni kanye nokuqinisekisa ubunikazi bomhlaba.

Kuze kube yimanje, imizi eyi-6 683 evela ezindaweni ezi-182 ezweni lonke ehlo mule kuzinhlelo ezihlukahlukene zomhlaba. Ilinganiselwa kuzi-10 500 imindeni okulindeleke ukuthi ihlomule ohlelweni lweHektha Elilodwa Lensimu, Umndeni Ngamunye kuphela. Kufanele lusize ekunciphiseni

ububha, luhlinzeke amathuba emisebenzi azinzile emindenini yasezindaweni zasemakhaya, lwakhe amakhono okwazi umsebenzi abantu basemakhaya kanye nokukhulisa kwamakhono emindenini nemiphakathi okuqondiswe kuyo lolu hlelo ngesikhathi esifanayo kusungulwe amabhizinisi ezolimo asafufusa azinzile.

Umnyango ubeke izigidi ezi-100 zamarandi zonyaka wokuqala wokuqaliswa kwalolu hlelo ngokusebenzisa Isabelomali Sentuthuko kanye Nokuguqulwa Kabusha.

Ngesikhathi uNgqongqoshe Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokuhlelwa Kabusha Komhlaba, uGugule Nkwinti, enikeza

ngamahektha ayi-14 omhlaba kubahlomuli bokuqala balolu hlelo boMfelandawonye iKenton-on-Sea’s Gorah Agribusiness and Multipurpose ngonyaka we-2015, wathi inhloso wukubuyisa isithunzi sabantu abahlala ezindaweni zasemakhaya futhi lushintshe umnotho wasezindaweni zasemakhaya

Kusukela ngaleso sikhathi, lo mfelandawonye – ozinze kuMasipala Wendawo uNdlambe, oseMpumalanga Kapa – ukwazile ukuba nezivumelwano noPick n Pay kanye nemakethe yezithelo nemifino yaseBhayi ukudayisa imikhiqizo yawo ezitolo zendawo.

Ungqongqoshe uphinde waziswa ngesikhathi eyohlola

indawo yalo mfelandawonye ngonyaka odlule ukuthi umphakathi uhlose ukutshala amaphesenti angama-20 emali oyizuzile kuleli pulazi futhi utshale imali nasekufuyeni.

Wamangala kakhulu ngenkathi ethola ukuthi laba bahlomuli bebevuna izitshalo zamazambane kanye namathanga yize izwe belibhekene nesomiso esixakile.

Bonke abahlomule oHlelweni lweHektha Elilodwa Lensimu, Umndeni Ngamunye bathola isitifiketi okufanele sisetshenziswe njengesibopho noma isibambiso uma befuna ibhange libasize. Noma kunjalo, umhlaba noma isitifiketi akuvumelekile ukusidayisa ngoba ngesombuso. ■